Ubufakazi-besikhathi esizayo bezingane zethu

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: Inkathi yezinguquko.

Isiqephu sesibili

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa Kusiqephu sesibili: Inkathi yezinguquko.

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amacebo ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Isenzo
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). Qaphela: 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Isenzo
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. *Isibonelo*: Hlala phansi ecansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To….)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	Inkathi yezinguquko.
Inhloso yesifundo	Injongo ukufundisa ingane yakho kabanzi ngokusatshalaliswa okuqhubekayo kweSikhathi sezinguquko.

Isifundo esifingqiwe:

Sizogxila kumaphuzu amathathu elandelayo ngokusatshalaliswa kweNkathi yeziguquko:
1. Ukuvuselelwa kwayo eSwitzerland ngo-Ulrich Zwingli kanye noJohn Calvin.
• Izimfundiso zika Martin Luther, ongomunye wabaholi abadlala iqhaza elikhulu kwiNkathi yenguquko eyasakazeka eJalimane naseScandinavia.
• Iphinde yafika kuJohn Calvin kanye no-Ulrich Zwingli bobabili abavela eSwitzerland.
• UZwingli njengoLuther izintshumayelo zakhe zagxila eBhayibhelini.
• Wayengakholelwa ezithombeni ezisesontweni, ukuzila kanye nokukhonza ngokuzungeleza ebandleni.
• Wasekelwa kakhulu nguMkhandlu wedolobha laseZurich.
• Ukusuka eGeneva Switzerland, lapho kwakusebenza khona uCalvin, iNguquko yasakazekela eFrance, ePoland, eNetherlands naseScotland.
• UCalvin wayekholelwa ukuthi kufanele uphile impilo ngokwezimiso zeBhayibheli futhi uma ungakwenzi lokho, kumele ujeziswe!
• Ngesikhathi uCalvin efa, kwase kunebandla lamaProtestani ayi-2000 eFrance.
2. Nansi imiphumela eyalethwa yilenaNguquko
• Ukwehlukana kwebandla lamaKatolika kwabangela ukungezwani kwamakholwa futhi isimo ngaleso sikhathi saba yingozi. Empeleni, kwaholela empini eyathatha iminyaka eminingi.
• Ngakho-ke iNguquko ayizange isabalale i-Europe yonkana kuphela kepha nakwamanye amazwe: iCanada, i-USA, neMexico, iNingizimu Afrika kanye ne Australia.
• Kwakhiwa amasonto amasha.

3. Izimpawu zamasonto aguqukayo. Ukufana nokwehluka

Isonto	Okufanayo	Umehluko
Ibandla lama-Anglican eNgilandi	AmaSakramente amabili: Umbhapathizo oNgcwele kanye neNhlanganyelo. Ngokwengxenye yobu Calvinistic, nangokwengxenye yobuLuthere (bheka ngezansi) Abesifazane bangaba yizinceku.	Leli bandla liholwa yinkosi yaseBrithani (lokho kusho ukuthi yiNkosi yeNdlovukazi yaseNgilandi) noMbhishobhi omkhulu waseCanterbury. Imfundiso yabo (inqubo yabo yenkolelo) liyingxenye yama lamaLuthere kanye nengxenye yamaCalvinistic.
Ibandla lobuVangeli lamaLuthere.	AmaSakramente amabili: Umbhapathizo oNgcwele kanye neNhlanganyelo. Umzimba negazi likaKristu kuhlanganiswe ngesinkwa newayini ngokubusiswa. Abesifazane bangaba yizinceku.	Amabandla asungulwe nguMartin Luther. Alinabo ubuholi kepha kunalokho linomkhandlu webandla noma isinodi.
Amabandla aGuqulwe iVangeli.	AmaSakramente amabili: Umbhapathizo oNgcwele kanye neNhlanganyelo. Bakholelwa ukuthi isinkwa newayini kuyizimpawu zangaphandle zomzimba negazi likaKristu. Ukuba khona kukaJesu okungokomoya kukhona kubo. Abesifazane bangaba yizinceku.	Amabandla akhiwa uCalvin Kanye noZwingli, nawo anesinodi.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• Ukukhulisa ulwazi lwethu mayelana neNkathi yezinguquko. • Ukubonisa ukuthi amahlelo ahlukene wokukholwa enzeka kanjani phakathi kwamabandla obuProthestani*. • Kusinikeza ukuqondisisa ngezimpawu ezifanayo kanye nomehluko wazo kulamabandla.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe amakholwa obuKristu avukelana alwa odwa ngenxa yezinkolelo zawo na? Impendulo: Yebo. ISonto lamaRoma Katolika, Amasonto amaProtestani (kusukela lapho amaSheshi, amaLuthela ama-Evangelical aguquka) onke abeyingxenye yeNkolo yobuKhrestu. Kepha, abenezinqubo zawo ngaphakathi lawa mabandla okwadala ukungaboni ngaso linye ngisho nezimpi. 2. Kukekwenzeka yini esikhathini sethu ukuba izinhlelo zobuKristu ezahlukene zihlangane zibe nezingxoxo ngezenkolo na? Impendulo: Kukhona uMkhandlu wamaBandla Womhlaba. 3. Yiluphi uhlelo lwamakholwa obuKristu elikhulukazi namhlanje na? Impendulo: Ibandla LamaRoma Katolika lisenabalandeli abaningi. 4. Mangaki amahlelo obuKristu emhlabeni? Impendulo: Kunzima ukusho ngoba kuya ngokuthi amahlelo ahlukaniswe kanjani kepha amahlelo amakhulu yilawa: amaKatolika, amaProtestani (ama-Anglican, amaLuthere, ama-Reformed, ama-Presbyterian, ama-Evangelical, amaWeseli, ama-Eastern Orthodox (Greek, Russia, Bulgaria). Futhi ngaphansi kwalawa mabandla kunamahlelo amaningi okholo.

- iProtestani = owenkolo yobuKrestu ephikisana neyamaKatolika.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes